



Message from the Premier

“The campaign to fight HIV and AIDS and TB should start in every household. Each one of us should stop HIV & AIDS and TB.

This is the time. This is the moment.”

This is to be taken by everyone and discussed in each household

DECISIVE LEADERSHIP TO DEFEAT HIV & AIDS AND TB

HEALTH FOR ALL

Ward Healthy lifestyle Campaign in fighting HIV and AIDS, TB and other chronic diseases

Each and every ward will embark on a campaign to fight HIV & AIDS and TB. Each and every ward will create a structure to fight HIV and AIDS and TB. Each and every ward should promote healthy lifestyle In the ward:

1. The leadership of the ward should lead the fight against HIV and AIDS and TB
The leaders are Councillors, traditional leaders, religious Leaders, traditional health practitioners, community based leaders, Women, Men, and Children's Organisations, organised labour leaders.
2. Promote HIV and AIDS awareness in the Ward
Leadership to drive the Behaviour Change messages. The messages are :
- Abstinence and delaying sexual debut for young people, - being faithful for those who are in relationships,
- promote the use of condoms, xz
- The HIV Counselling and Testing Campaign led by ward leadership ensuring that all the citizens of the ward know their status,
- The promotion of medical male circumcision.
3. The people who are negative, remain negative and live a healthy life.
4. People who are positive live a healthy life and that they are tested for TB, follow up at the Clinic are done and when required have access to treatment..

5. The people who are taking treatment for TB and HIV and AIDS are adhering to treatment. No one should default treatment
6. Mothers who are pregnant are supported to test, if positive, to take treatment to protect the Unborn baby.
7. Ensure that orphans and vulnerable children are being supported by the community and government, that children have access to grants and psychosocial support, and that all children are in school.
8. Promote the food security through the One Home One garden Campaign to improve the health of the people in the ward
9. Promote a uniform approach and cooperation by all organs of state in the ward in respect of any matter relating to HIV and AIDS;
10. All people in the ward to work together with Health Care Workers, Auxiliary care workers, Social Workers, nurses, community development workers, and all government personnel to ensure access to clinics,hospitals, grants vital documents, psychosocial support and all government services in the ward.
11. Each and every ward should promote the role of Faith Based Organizations (FBO's) and cultural Groups to ensure psychological counseling and support for those who are infected and affected.
12. Each and every ward will encourage dialogue amongst youth and adults, including peer education and intergenerational discourse, to promote responsible conduct.
13. Promotion of physical exercise and keeping fit
14. Screening for and prevention of heart diseases, hypertension, diabetes and cancers etc. Everyone should participate in the review of the ward response to HIV and AIDS and TB.

Did you know?

HIV is spread by unprotected sex!!

HIV can be prevented when everyone knows their status. You need to test to know your status.

3 million people in KZN need to be tested by 2011 through the HIV, Counseling and Testing (HCT) Campaign

All People with TB and HIV will get antiretroviral treatment their CD4 count is 350 or less

All pregnant HIV positive women with CD4 count of 350 or less or with symptoms regardless of CD4 count are to access antiretroviral Treatment.

All other pregnant women who have higher CD4 count and not have symptoms will be put on treatment at 14 weeks to protect the baby.

Many people who are HIV positive and are on treatment lead a healthy lifestyle.

TB is curable even if you are HIV positive.

Many people are living healthily on antiretroviral treatment.

All Children under one year who are born HIV positive are to receive treatment regardless of their Cd4 Count

No one should die from, HIV and AIDS and TB

“Join the Campaign for and HIV-free Generation”



The role of the AIDS Councils is to:

Ensure that government, traditional and civil society leadership of each District are leading the fight against HIV and AIDS and TB.

The leadership includes:

The Mayors, Deputy Mayors, Speakers, the Councilors, traditional leaders, Religious Leaders, traditional health practitioners, community based leaders, Women, Men, and Children's Organizations, organized Labour leaders, and all leadership that is recognized in the District.

Promote HIV and AIDS awareness in the Municipality.

Leadership to drive the behaviour Change messages. The message will be on Abstinence and delaying sexual debut for young people, being faithful when in a relationship, to promote the use of condoms, to ensure that all citizens of KZN know their status by promoting the HIV Counseling and Testing Campaign, and the promotion of male medical circumcision.

Ensure that the people who are negative remain negative and live a healthy life.

Ensure that the people who are positive can live a healthy life by testing for TB, having regular follow-ups at the clinic, and by ensuring they take required treatment.

Ensure that the people who are taking treatment for TB and HIV and AIDS are adhering to treatment. No one should default on treatment.

Ensure that those Mothers who are pregnant are supported to test, and if positive, to take treatment to protect the unborn baby. Ensure that orphans and vulnerable children are being supported by the community and government, that children have access to grants and psychosocial support, and that all children are in school. Ensure that the issue of stigma are addressed through open dialogue about HIV and AIDS. Promote food security through the One Home One Garden Campaign to improve the health of the people in the District. Promote a uniform approach and cooperation by all organs of state in the local spheres in respect of any matter relating to HIV and AIDS.

As leadership, to sit together and review the response to HIV & AIDS and TB in the District.

Promote physical exercise and keeping fit, including screening for diseases such as cancer, heart disease, diabetes, ect. Mobilise resources for the implementation of HIV and AIDS programmes and strategies at community level. Ensure that all Local Municipalities have Ward HIV & AIDS and TB campaigns, and compile reports to the AIDS Councils



2010
**USUKU
LWENGCULAZI
LOMHLABA
JIKELELE**

Umyalezo ovela kuNdunankulu

"Umuzi nomuzi kumele uqale umkhankaso wokulwa neSandulelangculazi neNgculazi kanjalo neSifo soFuba. Sonke kumele sigxile ekunqandeni iSandulelangculazi neNgculazi kanjalo neSifo soFuba.

Sekuyiso isikhathi. Sekuyiwo umzuzi
"Siyanakekela"

Lokhu kumele kunikwe wonke umuntu bese kuxoxwa kuyo yonke imizi

**UBUHOLI BAKWAZULU-NATALI OBUZINIKELE EKUNQOBENI IGCIWANE
LASANDULELANGCULAZI NENGCULAZI KANJALO NESIFO SOFUBA**

IMPILO YOMUNTU WONKE

UMkhankaso wokuPhila ngendlela eneMpilo wamaWadi wokulwa neSandulelangculazi neNgculazi kanjalo neSifo soFuba.

Noma iyiphi iwadi iyoqala umkhankaso wokulwa neSandulelangculazi neNgculazi kanjalo neSifo soFuba.

Noma iyiphi iwadi iyohwakha uhlaka lokulwa neSandulelangculazi neNgculazi kanjalo neSifo soFuba

Noma iyiphi iwadi kumele igqugquzele ukuphile ngendlela enempilo.

Ewadini:

1. Ubuholi bewadi kumele buhole impi ebhekiswe kwiSandulelangculazi neNgculazi kanjalo neSifo soFuba Abaholi ngamakhansela, abaholi bendabuko, abaholi bezenkolo, abelaphi bendabuko, abaholi Bomphakathi, izi-Nhlangano zabeSifazane, zabeSilisa neziNgane nabaholi bezinyunyana zabasebenzi.

2. Ukuqwashisa ngeSandulelangculazi neNgculazi Ubuholi kumele kuthumele imiyalezo yokushintsha indlela Yokuziphatha Le miyalezo:

- Ukuzithiba ocansini kubantu abasha
- Ukwethembeka kulabo abasebudlelwaneni bezo-thando
- Ukugqugquzela ukusebenzisa amakhondomu
- UMkhankaso wokweLuleka nokuHlolela iSandulelangculazi oholwa abaholi ukuqinisekisa ukuthi zonke izakhamizi zewadi ziyasazi isimo sazoz
- Ukugqugquzela ukusokwa kwabesilisa

3. Abantu abangenalo igciwane, baqhubeka kanjalo futhi baphile ngendlela enempilo

4. Abantu asebehaqekile baphile ngendlela enempilo, bahlolilewe iSifo soFuba, bahambele umtholampilo i zikhathi ngezikhathi noma uma kudingeka beyolashwa.

5. Abantu abadla imishanguzo yeSifo soFuba nabadla eyeSandulelangculazi neNgculazi bayilandele inqubo yokudla imishanguzo. Akekho okumele aphuthe ukudla imishanguzo.

6. Omama abakhulelwe bayesekwa ukuba bayohlola, uma sebehaqekile, badle imishanguzo yokuvikela izi-ngane zabo ezingakazalwa.

7. Izintandane nezingane ezingenabani zeseke umphakathi nohulumeni.

8. Ukugqugquzela ukutholalal kokudla ngokuthi kuqalwe imikhankaso YesiVande uMuzi noMuzi ukuze kwenziwe ngcono izimpilo zabantu ewadini.

9. Kugqugquzelwe ukusebenzisana nokusebenza ngendlela efanayo phakathi kwazo zonke izinhlaka zikahulumeni mayelana nezindaba ezithinta iSandulelangculazi neNgculazi.

10. Bonke abantu eWadini basebenzisane nabaSebenzi bezeMpilo, abanakekela imindeni, osonhlalakahle, amanesi, abathuthukisa umphakathi, nabo bonke abasebenzi bakahulumeni ukuqinisekisa ukuthi bonke abantu ewadini bayakwazi ukuthola usizo lwemitholampilo, lwezibhedlela, lwezibonelelo zikahulumeni, ukwesekwa ngokomphfumulo nakho konke okuhlizekwa uhulumeni.

11. Iwadi ngayinye iyogqugquzela iziNhlango zezeNkolo (FBO) nezinhlangano zezamasiko ukuba zeluleke ngokomoya futhi zeseke labo asebehaqekile nalabo abayizisulu zegciwane.

12. Iwadi ngayinye kumele igqugquzele ukuba kube nezingxoxo entsheni nakubantu abadala, kubandakanya, ukufundisana kanye nokuhlanganyela kwentsha nabadala, ukugqugquzela ukuziphatha ngendlela efanale.

13. Ukugqugquzela ukuzivocavoca nokuhlala ungumqemane.

14. Ukuhlolwa ngemishini nokuvikelwa ezifweni ezifana nesifo senhliziyo, iphika, izifo sikashukela nomdlavuzi.

Wonke umuntu kumele abambe iqhaza ekuhleleni amasu ewadi.

Uthi bewazi?

I Sandulelangculazi sisatshalaliswa ucansi olungavikelekile!!

I Sandulelangculazi singavikeleka uma wonke umuntu esazi isimo sakhe. Udinga ukuhlola ukuze uthole isimo sakho. Abantu abayizigidi ezi-3 KwaZulu-Natali kudingeka bebe sebhlolewe ngonyaka ka-2011 ngoMkhankaso wokuHlolwa nokweLulekwa ngeSandulelangculazi.

Bonke abantu abaneSifo soFuba neSandulelangculazi bayothola imishanguzo yokudambisa igciwane uma i-CD4 yabo isingama-350 kuya phansi.

Bonke abesifazane abakhulelwe asebehaqekile abane-CD4 engama-350 kuya phansi noma labo abanezimpawu bayonikezwa imishanguzo ngaphandle okuthi kubhekwe i-CD4 yabo.

Bonke abesifazane abakhulelwe abane-CD4 ephezulu futhi abangenazo izimpawu zokugula bayonikezwa imi-shanguzo uma sebenamasonto ayi-14 ukuze kuvi-kelwe ingane.

Abantu abaningi abahaqwe iSandulelangculazi futhi abadla imishanguzo baphila ngendlela enempilo. ISifo soFuba siyelaheka ngisho usuneSandulelangculazi.

Zonke zingane ezineminyaka engaphansi kowodwa noma ezizalwe zineSandulelangculazi ziyonikezwa imisha-nguzo ngaphandle kokubhekwa kwe-CD4 yazo.

Akekho okumele abulawe yiSandulelangculazi neNgculazi kanjalo neSifo soFuba

"Joyina uMkhankaso wesizukulwane esingenaso iSandulelangculazi"



UBUHOLI OBUZINIKELE EKUNQOBENI IGCIWANE LASANDULELANGCULAZI NENGCULAZI KANJALO NESIFO SOFUBA USUKU LWENGCULAZI LOMHLABA-JIKELELE 2010 "SIYANAKEKELA"

Iqhaza leziGungu zeNgculazi yileli:

Ukuqinisekisa ukuthi uhulumeni, ubuholi bezinhla-ngano zomphakathi nezendabuko komasipala bahola umkhankaso wokulwa neSandulelangculazi neNgculazi kanjalo neSifo soFuba. Ubuholi buba-ndakanya: OSodolobha, amaSekela oSodolobha, oSomlomo, amaKhansela, abaholi beNdabuko, abaholi bezeNkolo, abelaphi bendabuko, abaholi bemiphakathi, abaholi bezinhlangano zabeSifazane, zabe-Silisa neziNgane, abaholi bezinyunyana zabasebenzi, nabo bonke abaholi abakhona esiFundeni.

Ukuqwashisa ngeSandulelangculazi neNgculazi kuMa-sipala: Ubuholi buyothumela imiyalezo yokushintsha indlela yokuziphatha. Lo myalezo kuyokuba ngowo-kuyalela ukuba intsha izithibe ocansini, yethembeke ebudlelwaneni bezothando, uyogqugquzela ukuba kusetshenziswe ijazi lomkhwenyana, uyoqinisekisa ukuthi zonke izakhamizi zaKwaZulu-Natali zihlolela igcinwane ngokuthi kugqugquzelwe uMkhankaso wokweLuleka nokuHlolela iSandulelangculazi, noku-gqugquzela ukusoka kwabesilisa.

Ukuqinisekisa ukuthi abantu abangakahaqeki bahlala benjalo futhi baphila ngendlela enempilo. Ukuqinisekisa ukuthi abantu asebehaqekile baphila ngendlela enempilo ngokuthi bayohlolela isifo sofuba, bahlale beyohlola zikhathi zonke emitholampilo nangokuqinisekisa ukuthi badla imishanguzo edingekayo. Ukuqinisekisa ukuthi abantu abadla imishanguzo yeSifo soFuba neSandulelangculazi neNgculazi bayilandele kanhle inqubo yokwelashwa. Akekho okumele aphazamise ukwelashwa. Ukuqinisekisa ukuthi oMama abakhulelwe bayesekwa ukuze bayohlolwa, futhi uma benegciwane, baqale ukudla imishanguzo yokuvikela ingane engaka-zalwa. Ukuqinisekisa ukuthi izintandane nezingane ezinge-nabani zithola ukwesekwa emphakathi nakuhulumeni, ukuthi zingane ziyayithola imali yezibo-nelelo zesondlo nokunakekelwa ngokwenhlalo, nokuthi zingane ziyafunda. Ukuqinisekisa ukuthi izinkoleloze mayelana neSandulelangculazi neNgculazi, kuyakhulunywa ngazo ngendlela evulelekile. Ukugqugquzela ukutholalal kokudla noMkhankaso wesiVande uMuzi ngaMunye ukuze kwenziwe ngcono impilo yabantu abahlala kuMasipala.

Ukugqugquzela ukusebenzisana nokusebenza nge-ndlela efanayo phakathi kwazo zonke izinhlaka zikahulumeni ezingeni lohulumeni basekhaya mayelana nezindaba ezithinta iSandulelangculazi neNgculazi. Ukuqinisekisa ukuthi ubuholi, buyahlala ndawonye ku-dingidwe amasu okubhekana neSandulelangculazi neNgculazi kuMasipala. Ukugqugquzela ukuzivocavoca nokuhlala ungumqemane, kubandakanya ukuhlolwa izifo ezifana nomdlavuzi, iphika, isifo senhliziyo, isifo sikashukela, njll. Ukudidiyela izidingo zokuqalisa izinhlelo namasu okubhekana neSandulelangculazi neNgculazi ema-zingeni omphakathi. Ukuqinisekisa ukuthi bonke oMasipala baseKhaya banemiKhankaso yamaWadi yeSandulelangculazi neNgculazi kanjalo neSifo soFuba, futhi baletha imibiko kuMasipala wesiFunda.